⁶⁷⁵ Manje, manje, lamuhla, lapho iUrimi Thumimi leyo yasuswa kanye lobupristi, manje leliBhayibhili liyiUrimi Thumimi kaNkulunkulu lamuhla. Futhi lapho umtshumayeli etshumayela, akumelanga kube yindawo eyodwa encinyane lapha, futhi yikho kuphela abeka khona amathembu akhe; kumele kube liBhayibhili lonke likhanyisa umbiko lowo otshunyayelwa ngumuntu. Leyo yiyo into. Hatshi indawo eyodwa nje, futhi uthi, “Awu, iBhayibhili lithi lokhu.” O, sibili, likhulumu izinto ezinengi. Kodwa kumele ukwenze konke kubekwe ndawonye. Futhi lapho uMoya kaNkulunkulu usiza futhi ungena e—eLizwini, Ubeka konke ndawonye futhi ukhanyise ukuKhanya okukodwa okukhulu, futhi lokho kuKhanya nguJesu Khristu. Ameni.

⁶⁷⁶ Manje, amatshe lawa alitshumi lambili ayeyizisekelo ezilitshumi lambili ezaqalela kuRubeni, loGadi, njalo kusehla kusiya kuBenjamini; izizwe ezilitshumi lambili, amatshe alitshumi lambili. Futhi amatshe lawo eThempelini, eJerusalem elitsha laseZulwini, isisekelo ngasinye sizakubekwa phezu komunye wabokhokho.

⁶⁷⁷ Manje khangelani, liyawananzelela amatshe, manje, lizababona okhokho batshengiswa kokunye, komunye umbuzo nje.

68. Chasisa – chasisa esesine . . . izidalwa ezine zikaSambulo 5.

⁶⁷⁸ Mfowethu Neville, nxu ulakho lokho khona lapho duzane, kumbe abanye benu, kukaSambulo 5, sizabala lokhu okomzuzu nje. Kungu—kungumfanekiso omuhle lapha owe . . . Lapha, ngilawo mina, iSambulo isahluko 5:

*Futhi ngabona esandleni sokudla salowo owayehlezi
phezu—phezu kwesihlalo sobukhosu ugwalu
olubhalwe ngaphakathi langemuva la—la—langemuva,
lunanyekiwe ngempawu eziyisikhombisa.*

Ngase ngi . . .

⁶⁷⁹ Manje, akusiyo leyo ndawo. Ngifuna ukufika phambidlana, izidalwa ezine. Kasiboneni, indima 14. Kulungile, mnumzana. Manje nanku sihamba, kunjalo. Manje kasiqaleni phezulu lapha ku—kundima 12, hatshi, ngithembu ku . . . “Futhi izidalwa ezine zathi, ‘Ameni.’” Hatshi, kulendawo encinyane ngemuva kwalokho, Mfowethu Neville. “Khangel, ngezwa ilizwi . . .”

⁶⁸⁰ Kasiboneni, umzuzu nje, bengikubala isikhatshana esedluleyo. O, nanku silapha, kasiqaleni kundima 6. Indima 5:

Futhi omunye wabadala wathi kimi, Ungakhali: khangela, iSilwane sesizwe sakoJuda, iMpande kaDavida, singqobile ukuvula uwalo, lokuqhaqha i... impawu zalo.

Ngasengibona, futhi,...phakathi kwesihlalo sobukhos le...zidalwa ezine eziphilayo langaphakathi kwabadal, iWundlu limi kungathi, lihlatshiwe, lilamakhanda ayisikhombisa lamehlo ayisikhombisa, angoMoya abayisikhombisa...abathunyelwe bevela...emhlabeni.

⁶⁸¹ Ngifuna ukuthi libambe lowo mbuzo, futhi nxa ngingawubambi phansi lapha ngomzuzu, Ngifuna ukuthi lilethe njalo, ngifuna ukukhulumga ngalokho, “imiMoya eyisikhombisa yamehlo ayisikhombisa ayephezu kweWundlu.” O, leyo yinto enhle sibili. (Awu, sifuna ukuthatha lumbuzo womfowethu manje.) Kulungile, lingakukhohlwa lokhu manje.

Futhi weza wathatha ibhuku esandleni sokunene salowo owaye hlezis esihlalweni sobukhos.

Futhi lapho eselithethe, izidalwa ezine labadala abangamatshumi amabili lane awa phansi phambi kwewundlu,... ngulowo lalowo wabo elamachacho,...

⁶⁸² Manje, lezo yi—ezine—izidalwa ezine lapha, nxa likunanzelela. Manje kasiqhubekeleli phambili futhi sibale phambidlana:

...amachacho egolide,...egcwele imiganu futhi lemppeha,... njalo lemikhuleko yabangcwele.

Futhi bahlabela ingoma entsha,... Wena ufanele... (futhi waqhubeka phambili benza okwabo...konke ukukhonza kwabo eNkosini)

⁶⁸³ Manje, izidalwa lezi ezine zikaSambulo, nxa lingazinanzelela, indawo yonke... (Lina babali beBhayibhili, futhi lomuntu ozalalela lithephu erekhodwayo). Lezo zidalwa ezine, zazilobuso obune: esinye sasilobuso obunjengomuntu, esinye sasilobuso obunjengobenkabi, futhi obunye ubuso babunjenge ngqungqulu, njalo lobunye ubuso babunjenge silwane. Futhi azihambanga nyovane, zazingeke zihambe nyovane.

⁶⁸⁴ Bangaki abakhumbula ibhuku elidala likaSambulo lapho belifundisa iminyaka edluleyo, lapho ngize ngithathe phose iminyaka emibili lapha eBhukwini likaSambulo? Abanengi abakudala bayakhumbula.

⁶⁸⁵ Khangelani, zazingeke zihambe nyovane, ngoba indlela yonke ezaziyihamba zazisiyaphambili. Nxa zahamba

ngalindlela, zazihamba njengomuntu; uba zahamba ngalindlela, zazihamba njengesilwane; zahamba ngalindlela, zazihamba njenge ngqungqulu; nxa zahamba ngalindlela, zazihamba njengenkabi. Bona, zazineke zihambe nyovane, zazisiya phambili sonke isikhathi.

⁶⁸⁶ Manje lezo zidalwa ezine. Manje ukubamba lokhu ngokuphangisa, ngoba angifuni ukuhlala isikhathi eside kulokhu. Kodwa izidalwa ezine... *Isidalwa*, eBhayibhilini, simela “amandla.” Futhi liyananjelela lezi izidalwa zazingekho phandle laphaya echibini kumbe olwandle kwenye indawo ziphuma, kodwa zazisesiHlalweni sobukhosи sikaNkulunkulu, futhi zazikhonza uNkulunkulu. Lezo zidalwa ezine zitsho amandla amane avela emhlabeni, futhi lawo mandla amane kwaku ngamaVangeli amane: UMathewu, uMakho, uLukha, loJohane; omunye kaphikisi omunye.

⁶⁸⁷ Futhi omunye wabo, i... Lapho iVangeli lisiya phambili njengesilwane, siqinile, silesibindi; iVangeli lilesibindi njenge silwane, futhi liyinkosi njengesilwane. Nxa lisiya ebusweni bomuntu, liloKuhlakanipha futhi likhaliphile njengomuntu. Nxa lihamba liyingqungulu, lilempiko ezilesiqubu futhi lokuphakama ezinqongeni. Li... Bona lokho engikutshoyo? Nxa lihamba njengenkabi, libhiza lomsebenzi elingadonsa, inkabi yomsebenzi edonsa u—u—umthwalo weVangeli. Izidalwa ezine zazingamandla amane, ayengu: Mathewu, Makho, Lukha, loJohane; amaVangeli amane azwakala ebuKhoneni bukaNkulunkulu. Lokho kwakungu...

⁶⁸⁸ Nxa linanjelele, zazilamehlo phambili futhi lasemuva. Za—za... Indawo yonke ezahamba khona, zazikhanyisa. Zazibona indawo yonke ezazihamba khona. Futhi ngamandla eVangeli lapho liphuma, linga... liloKukhalipha komuntu; lilesiqubu sengqungqulu; lila la—la—la—lamandla, amandla okudonsa, umthwali womthwalo njengenkabi; liloKu—kuqina lesibindi sesilwane. Bona, ngamaVangeli amane, okungamandla amane eSambulo, isahluko 4.

Kulungile, manje olandelayo:

69. Ngobani abadala abangamatshumi amabili lane? Kulungile, ngyiyakholwa ukuthi lokho kuzakuba se—se... **Ngobani-abadala abangamatshumi amabili lane?**

⁶⁸⁹ Manje lokho kulula nje, singangena kukho. Abadala abangamatshumi amabili lane ababehlezi phambi kwesiHlalo sobukhosи. Lokho kuku... Ngyiyakholwa kukundima 4, kulapho okutholakala khona. “Futhi lapho kwaphuma okunye...” Kumele ngi... Asiboneni, ngilo... 4:10.

⁶⁹⁰ Kulungile, iSambulo, isahluko 4, lendima 10. Kunjalo. Sizafika kukho.

Futhi abadala abangamatshumi amabili lane bawela
phansi phambi kwakhe ohlezi esihlalweni sobukhosи,

futhi bamkhonza ophilayo kuze kube nini lanini, futhi baphosela imiqhele yabo phambi kwestihlalo sobukhos, besithi,

Ufanele, O Nkosi, ukwamukela ubukhos lodumo lamandla: ngoba wadala izinto zonke, langentando yakho zikhona, futhi zadalwa.

⁶⁹¹ Manje abadala abangamatshumi amabili lane. Umdala ngumbonisi. Manje nanzelelani, kwakulabokhokho abalitshumi lambili labapostoli abalitshumi lambili. Futhi babehlezi, abalitshumi lambili kwelinye icele futhi abalisthumi lambili kwelinye. Kwakukhona abadala abangamatshumi amabili lane, okwakungabokhokho abalitshumi lambili kwelinye icele, iThestamente eliDala; abapostoli abalitshumi lambili kwelinye icele, leThestamente eLitsha. UJesu katshongo ukuthi, "Lizahlala ezihlalweni zobukhos ezipitshumi lambili, lisahlulela izizwe ezipitshumi lambili zakolsrayeli na"?

⁶⁹² Manje, izisekelo. Khangela, kulesihlahla njalo phakathi lapho. Futhi isihlahla kuhlangothi lunye siyathela izithelo ezitshiyeneyo. Futhi zithela izithelo zazo kanye ngenyanga, okuzinyanga ezipitshumi lambili ngomnyaka. Zithela imihlobo elitshumi lambili yezithelo umnyaka ngamunye lapho usedlula. *Itshumi lambili, kunombolo yoku "khonza," uyabona.* Futhi kulamatshumi amabili lane, kungaba ngamatshumi amabili-lane, abapostoli abalitshumi lambili labokhokho abalitshumi lambili. Bahlezi esiHlalweni sobukhos.

⁶⁹³ Kulungile, manje indima 4, kumbe, umbuzo wesine:

70. Intambo ebomvu kuGenesisi 38 yayimelani?

⁶⁹⁴ Intambo ebomvu, nxa ungananzelela, kwakunguJuda. Futhi wayelamadodana, futhi omunye wamadodana akhe wathatha umfazi waseKhenani. Futhi lumfazi waseKhenani wayengela bantwana, lendodana yakhe yafa. Khona-ke umthetho ngaeso sikhathi kwakumele athathe...indodana elandelayo kwakumele ithathe umkamfowabo, futhi ivusele inzalo kofileyo. Futhi omunye kavumanga futhi enze lokho ayemele akwenze, futhi iNkosi yambulala. Khona-ke wayelendodana eyodwa encane; ngakho uJuda wathi, "Mana indodana leyi ize itshayele...ikhule kuze kufike endaweni yokuthi uyendele kuye."

⁶⁹⁵ Futhi lapho esekhulile esefike endaweni lapho okwasekumele atshade inkosikazi eyayingeyabafowabo ababili, awu, kwakumele amthathe khona-ke, ukuvusela inzalo kubafowakhe ababe...babefile phambi kwakhe. UJuda kanikezanga umfazi (umfazi waseKhenani) indodana, umfana, futhi wamtshiya esiya phambili nje. Ngakho wabona ukuthi wayesenza into engalunganga, ngakho uyaphuma phandle futhi athandele iveyile ebusweni bakhe, futhi wahlala endaweni kazulu wonke njengesibef.

⁶⁹⁶ UJuda weza wasethatha owesifazana njengomkakhe, futhi wayeyisifebe, futhi wabamazi. Futhi wathi, wathi, “Awu, yimbadalo bani ongangipha yona?” Futhi wa . . . wasesithi . . .

⁶⁹⁷ Wathi, “Ngamupha i—izinyane.” Wathi, “Awu, ngipha isibonakaliso sokuthi uzakwenza.” Ngakho wathatha udondolo lwakhe lendandatho yakhe lokunjalo, futhi wakugcina.

⁶⁹⁸ Futhi lapho beletha izinyane, abasifumananga isifebe, ngoba wayengayisiso sifebe.

⁶⁹⁹ Emva kwesikhatshana, wayetshengise ukuthi uzakuba ngumama. Futhi lapho esetshengisile ukuthi uzakuba ngumama, beza batshela uJuda, “Umalukazana wakho udlale isiwule.” Wathi, “Ngoba u—usezakuba ngumama, futhi labafana bakho bobabili sebafa.”

⁷⁰⁰ Wathi, “Awu, uzakubizwa, futhi limtshise.”

⁷⁰¹ Futhi-ke wathumela ilizwi kuJuda, futhi wathi, “Umuntu oyenze lokhu, ngumnini wodondolo lolu lendandatho ley.” Kulungile, lowo kwakungubabazala wakhe.

⁷⁰² Futhi wathi, “Ulungile ukudlula mina.”

⁷⁰³ Manje, lapho esekwazi ukuthi abantwana bakhe basebezakuzalwa, babengamaphahla. Futhi lapho iphahla . . . Ingane yokuqala eyayizakuzalwa, umkhuba wesiJuda wakudala, umntswana wokuqala ulobuzibulo, umntswana wokuqala ukuphuma. Futhi lokho, khumbula, wayengumntswana wakhe wokuqala. Akula kubo bonke abafana ababalabantwana ngaye. Wayengazange abe lomntswana kuze kuge yilesi sikhathi.

⁷⁰⁴ Futhi lapho umntswana wakhe wokuqala ephuma, kwakuyisandla nje. Futhi umbelethisi wambophela intambo ebomvu, ngoba intambo ebomvu ikhuluma ngokuhlengwa ukuthi indodana yokuqala yentombi uMariya izakuba . . . silentambo ebomvu yokuhlengwa.

⁷⁰⁵ Futhi lapho ebuyisela isandla sakhe emuva, omunye waphuma kuqala. Futhi lapho ekwenza, wathi, “Kungani wenze lokhu? Omunye lowo ulobuzibulo.”

⁷⁰⁶ Ngakho yikho lokho uGenesisi 38 akutshoyo, uyabona. Ukuthi umntswana wokuqala wahlala kwaze kwaba yikubuya kweNkosi uJesu Khristu. Ukuthi owokuqala wayengaphansi komthetho wokuhlenga.

⁷⁰⁷ Liyazi ngathi . . . imbongolo encinyane, liyazi, engakhulumangayo, ukuthi amehlo akhe aye . . . loba yini okunye, indlebe zakhe ziphundlekile, kodwa, nxa wazalwa elobuzibulo, elingelacala, iwundlu elipheleleyo lafa esikhundleni sakhe. Nanko lapho.

⁷⁰⁸ Ngakho lokho kwakungokobuzibulo. Ingane yokuqala eyaphumayo kumama, futhi babona leso sandla (futhi babakwazi ukuthi singabuyela emuva njalo). Futhi lapho

efuqela phandle isandla sakhe ukutshengisa ukuthi wayelakho, wayengowokuqala, umbelethisi wayibophela intambo ebomvu futhi wadonsa isandla sakhe sabuyela. Bona? Kodwa, ngempela, waye ngowokuqala. Leyo kwakuyintambo ebomvu, intambo ebomvu ile... indlela yonke eBhayibhilini, itsho ukuhlengwa; okwakukhombele phambili emntwaneni wokuqala esiza.

⁷⁰⁹ Ibhiza lokuqala lizalwa, inkomo yokuqala izalwa, loba yini okwakuyikho, yonke into eyazalwa kuqala (eyaphumayo) yayingaphansi kokuhlenga, kwakufanele ihlengwe; yonke into kwakufanele ihlengwe! Haleluya! O, lokho nje kuyangijabulisa. Liyakuthola na? Okokuqala kwakufanelwe kuhlengwe. Kwakungumthetho. Kalibusiswe iBizo leNkosi!

⁷¹⁰ Futhi lapho uJesu Khristu esezelwe, Wahlenga umhlaba wonke. Ngeqiniso, Wakwenza. WayenguMhlensi wesidalwa sonke esake sadalwa emhlaben. WayenguMhlensi. Futhi lapho... konke ukuhlengwa kuhlezi Kuye, futhi akula enye indlela lakancinyane ongeza ngemisebenzi emihle, ngokujoyina ibandla, kumbe loba yini okuyikho; kumele uze ngaleyo ntambo ebomvu, lowoMhlensi, leso sinini esinguMhlensi.

Kulungile, manje olandelayo yilo:

71. Zingaphi izipho... Ziyini izipho ezithunyelwa mayelana ngokufa kwabafakazi ababili bakaSambulo 11?

O, Mfowethu Palmer, uba ungelakubuza imibuzo!

⁷¹¹ Manje, ukuhlengwa, lezi intambo lapha, lintambo ebomvu, siyabona kwakusitsho ukuhlengwa.

⁷¹² Manje umbuzo olandelayo uthi:

Ziyini izipho kuSambulo 11?

⁷¹³ Siyeza isikhathi... Manje lapha kuzaphendula umbuzo lowo owaphendulwa ngobunye ubusuku, lowo umngane wami ongumtshumayeli owabhala ngamaJuda, ukuthi kuzakuba njani.

⁷¹⁴ Manje lawa amaJuda aleminyaka emithathu lengxenye ethenjiswe kibo. Bangaki abakwaziyo lokho na? Amatshumi ayisikhombisa amaviki athenjiswa. Wathi, "UMesiya uzabuya futhi aqunywe ngaphakathi." Iminyaka emithathu lengxenye uKhristu watshumayela, wabulawa khona kanye phakathi kweminyaka emithathu lengxenye, iminyaka emithathu lenyanga eziyisithupha Watshumayela.

⁷¹⁵ Futhi-ke amanyala enza incithakalo, i-imoslem yase Omar yabekwa phezu koMhlabathi oNgewe; njengoNkulunkulu watsho, iminyaka engamakhulu angamatshumi amabili lanhlanu kungakenzakali, izakuba imile lapho. Umprofethi wakubona, futhi wayibona, futhi wathi, "Bazaku... Abezizwe bazakuba bethumbile lapho kuze kuthi isikhathi sabeZizwe siphele."

⁷¹⁶ Manje kusasekhona iminyaka emithathu lengxenye ethenjisiweyo. Nxa ungananjelela, laba abafakazi bakaSambulo 11 baprofetha inkulungwane, insuku ezingamakhulu amabili lamatshumi ayisithupha; yona kanye iminyaka emithathu lengxenye. Manje...futhi babegqoke izambatho zamasaka. Manje, khangela inkonzo yabo, lokho abayikho. Manje, laba abafakazi ababili bayabulawa.

⁷¹⁷ Manje, i...Babuyela kumaJuda emva kokuHlwithwa kweBandla labeZizwe. IBandla labeZizwe liya eKhaya okweDili loMtshado, futhi njengoRebeka ehanjiswa endaweni kaAbrahama loIsaka futhi bathathana. Futhi uRebeka loIsaka baphuma begcwele ilifa lakho konke uAbrahama aylelakho, konke kwaya kuIsaka. Impela! Futhi kwakungeke kuze kuIsaka kuze kuthi kuqala uIsaka atshade. O Haleluya! Nanko-ke.

⁷¹⁸ Futhi uKhristu uba...UNKulunkulu uhlala kulowo opheleleyo, umzimba olamanxeba ngokupheleleyo ninilanini futhi laPhakade. Lapho iWundlu loMlobokazi betshada eZulwini, uyaphuma elelifa lonke eligcweleyo. Impela! UIsaka loRebeka baphuma belelifa eligcweleyo.

⁷¹⁹ Futhi lapho lumkhosi uqhubeka eZulwini, woMlobokazi, uMlobokazi wabeZizwe etshada iNkosana (iNdodana kaNkulunkulu), eNkazimulweni; lapho betshada, kuleminyaka emithathu lengxenye ethatha indawo lapho i...uMose loElija...

⁷²⁰ Okuyikuthi, uMose kaswelakalanga...hatshi, umzimba wakhe wathwalwa. INgilosi zamthatha, akawonakalanga, akabolanga. Wayengumfanekiso opheleleyo kaKhristu. Wafa futhi iNgilosi zamthwala, futhi lodeveli akakwazi lokuthi wangewatshelwa ngaphi, futhi wazama ukulwisana loMikhayeli iNgilosi eNkulu mayelana ngokungcwatshwa kwakhe. Yikho lokho iBhayibhili elakutshoyo. UNkulunkulu wamthatha oHlwithweni.

⁷²¹ Futhi uElija, lapho ehamba lapho, umprofethi kaNkulunkulu, waya phansi eJodani, wakhupha ijazi lakhe futhi watshaya amanzi, futhi ehlukana kwesokunene lesokhohlo. Waya phezulu entaben. UElisha wathi...Wathi, "Kuyini ongilandelela khona?"

⁷²² Wathi, "Ngifuna isabelo esiphindwe kibili soMoya wakho."

⁷²³ Wathi, "Ucele into elukhuni, kodwa nxa ungibona lapho ngihamba." Wagxilisa amehlo akhe kuye.

⁷²⁴ Futhi emva kwesikhatsana, phansi kuvela eZulwini kweza inqola yomlilo leNgilosi zomlilo, amabhiza omlilo, loElija wakhwela futhi waya phezulu eNkazimulweni. Akazange anambithe ukufa, waguqulwa, kufanele afe!

⁷²⁵ Futhi nxa ungakhangela laba abaprofethi ababili bakaSambulo 11, benza into yinye uMose lo Elija abayenzayo.

Uthi, "Mfowethu Branham, utsho ukungitshela ukuthi uElija lo Mose lokhu besaphila?" Ngempela!

⁷²⁶ Ngani, ngaphambi kweNtaba yokuGuqulwa... Entaben i yokuGuqulwa, uJesu engakayi eKhalvari, lapho kwema bobabili uMose loElija bemile lapho behkuluma Laye. Ngeqiniso, bakwenza, abafanga. Futhi babengazange bafe; bayinyama, kufanele bafe. Ngakho basesimweni nje sokukhazimuliswa belindele leso sikhathi.

⁷²⁷ Futhi-ke lapho bephenduka futhi batshumayele yona kanye iminyaka emithathu lengxenye ngaphansi kogcobo loBhaphathizo lukaMoya oNgcwele, lapho izibusiso zisuswa kwabeZizwe (futhi iBandla lihlwithwa); futhi leliqandayo, ibandla elipholileyo liyazingelwa njenge zinja, ngeqembu lesikhomanisi leRoma, futhi lapho bezingelwa futhi bebulawa. Baya—bayabulawa lesosikhathi; laba abaprofethi batshumayela iminyaka emithathu lengxenye, futhi iBhayibhili lathi bazabulawa phakathi kwesikhulu... esitaladini, esibizwa ngokomoya, iSodoma leGibhithe, lapho iNkosi yethu eyabéthelwa khona. Lokho kusemuva eJerusalem; bona emuva eJerusalem, ebizwa ngokomoya.

⁷²⁸ Futhi balala esitaladeni okwensuku ezintathu lobusuku. Futhi-ke ekucineni kwensuku ezintathu lengxenye, umoya wokuphila wangena phakathi kwabo futhi bavuka. Kwakumele bafe njengabanye abafayo, kwakumele bakwenze. Futhi lapho bebulala laba abatshumayeli ababili...

⁷²⁹ Batshumayela bemelana lobubi, futhi balettha umlilo uvela ezulwini. Ngubani owenza lokho? Bona? Balettha inhlupho zivela ezulwini, futhi batshaya umhlabu ngokuphangisa njenge... futhi loba yisiphi isikhathi ababefuna ngaso. Futhi balettha umlilo uvela ezulwini. Futhi bamisa amazulu ekuneni, ingqe lapho bekufuna khona. Kwakungubani lowo? Nguye sibili uMose loElija. Futhi nampo labo bafakazi ababili.

⁷³⁰ Futhi lapho behlukuluza ibandla, kumbe umhlabu, ngokutshumayela kwabo; futhi besamukela njalo amaJuda, futhi bebabuyisela ekuphendukeni, bebabuyisela ekukholwemi ku... Lapho bebona uJesu elanda uMlobokazi, bazakuthi, "Khangelani, lo nguNkulunkulu wethu ebesi lindele. NguYe!" Kodwa Akalandi bona; Ulanda uMlobokazi Wakhe. Futhi uMlobokazi Wakhe...

⁷³¹ Lapho uJosefa esiya eGibhithe, kathathanga abafowakhe kanye laye, kodwa wathola umlobokazi wakhe khonale. Impela! Kodwa lapho eseza zisa kubafowakhe, kwakungela muntu owayekhona. Kunjalo sibili. Futhi lapho EzaZisa kulawa maJuda, kuzakuba kungela muntu lapho kuphela amaJuda. Kulalabo ababulala uJosefa, bemile lapho; futhi wathi, "Awu, nginguJosefa, umfowenu." Futhi wakhala.

⁷³² Futhi bathi, “Manje siyazi ukuthi sizithelile, ngoba sambulala.”

⁷³³ Into efanayo, lawo maJuda azakuba lesikhathi esikhulu sokuhlupheka ngaphambi kokubuya manje, kokuzingelwa bebaxotshanisela elizweni lakibo. Kubaxotsha njengexuku lezimvu zibuyela eNtabeni iKhameli ngaphetsheya.

⁷³⁴ Lapho iNkosi uJesu ezakulanda uMlobokazi Wakhe, futhi bayaMbona, bazakuthi, “Nguye Lowo esasimlindele, nango Elapho!” Uzavuka lokusilisa emaphikweni Akhe. Kunjalo.

⁷³⁵ Futhi ibandla, insali yamaJuda, lapho becina bebulala labo baprofethi ababili, futhi belele esitaladeni esibizwa ngokomoya iSodoma leGibhithe, lapho iNkosi yethu eyabéthelwa khona, bathumela izipho omunye komunye (umhlaba uyakwenza).

⁷³⁶ Manje, Mfowethu Palmer, nanku-ke. Khangela emuva embalini yesiRoma futhi uzakufumana ukuthi kulesizwe esisodwa emhlabeni wonke esathumeza izipho ngemva kwempi, lowo nguMbuso weRoma.

⁷³⁷ Yiso isizatho ngisithi umphikukhristu uphuma eRoma. Isilo siphuma eRoma, singeke siphume eMoscow. Siphuma eRoma, umgobho obomvu owema emfazini ukudla uMntanakhe ngokuphangisa nje esanda kuzalwa. Lowo develi, wayengaphi lowo develi na? Kwaku ngubani na? UKhesari Augustus owathumela futhi wabulala bonke abantwana kusukela eminyakeni emibili ubudala kusiya phansi. Umgobho obomvu, umgobho, *isilo*, kutsho “amandla.” Amandla eRoma ahlukuluza futhi azama ukufumana lowo Mntwana uKhristu.

⁷³⁸ Futhi leyonto efanayo! Sonke isikhathi amaRoma, amaRoma endulo esihedeni ayevame ukuba lokunqoba okukhulu, babethumela amatshe amhlophe lakho konke komunye lomunye, njengezipho njengalokho, njengezikhumbozo. Ngakho lawomatshe ayele... Okwakuyikho, kwakuyizipho ezincinyane ezazithunyelwa phakathi kwebandla lamaRoma. Impela! Khona kanye. Kufanele kube njalo.

⁷³⁹ Ngema khona lapho eDolobheni leVatican futhi ngakuqinisa ngeBhayibhili. Upapa egqoke umqhele okathathu, *Vicarivs Filii Dei*, zonke lezo zinto engazizwayo lokunjalo, liqiniso ngempela; iqembu lezenkolo elibusu sonke isizwe ngaphansi kweZulu, futhi liyakwenza. Nanko lapho, kunjalo.

⁷⁴⁰ Akula lutho lokumelana labantu beKatolika (hatshi, mnunzana), bayafanana nje lomuntu wonke, kodwa inkolo yabo iphambukile mayelana laleli iBhayibhili. Nxa leliBhayibhili liqondile, baphambukile. Bona bathi kabenzi... “Akulandaba lokho iBhayibhili elikutshoyo, yilokho ibandla elikutshoyo.” Siyakholwa ukuthi iBhayibhili likhulumha ngegunitya eliphezukonke! Impela, liLizwi likaNkulunkulu.

⁷⁴¹ Ngakho uyabona lapho, amatshe lawa ayethunyezwa kulesosikhathi, seSambulo lapha, kunga—kungamatshe ayeyizipho ezazithunyezwa komunye lomunye. Lokho okutshengisa kuphela...IBhayibhili lathi, iSambulo lapha, lathi, “Lowo olokuhlakanipha makabale inombolo zesilo. Lowo olenhlakanipha makenze *okunje-lo-kunje*. Lowo olomoya wezipho ezithile makenze *okunje-lo-kunje*.” Liyabona ukuthi ibandla lisilela okunganani?

⁷⁴² Ijaha lingibuzile lokhu kusa mayelana ngeziphо zikamoya, mayelana ngokukhuluma ngendimi. Umfo omncinyane, eqinisekile sibili, ngiyakhолwa uzakuba ngumtshumayeli ezinye zalezi insuku. Futhi mayelana ngebandla, ngathi, “Kulokunengi kwakho okuyinyama. Kasikufuni lokho, kodwa sifuna into eqotho. Siyalangazelela ukuba layo.”

⁷⁴³ Awungeke uqale ukukufundisa ebandleni; into yokuqala uyazi, uyathola, omunye ulendimi, omunye ulehubo, khona-ke kufanele uylwise into iphume. Kodwa lapho uNkulunkulu ephe isipho ngentando yakhe, sizakuzibonakalisa. Kunjalo. Bona, yiziphо zikaNkulunkulu, yikho Akuthumela ebandleni ukuba linqobe.

⁷⁴⁴ Manje, umphikukhristu ulento engathi inhle kumbe imbi, ilayo i—i—indlela ephambukileyo yokukwenza. Futhi lowo ngumbuso weRoma othumeza izipho omunye komunye, izipho ngokwenyama. UNkulunkulu uthumela izipho zikamoya kubanqobi; iRoma ithumela izipho ngokwenyama komunye lomunye.

⁷⁴⁵ Siyakhолwa uMoya oNgcwele unguMoya, siWamukela ngobhaphathizo oluvela Phezulu.

⁷⁴⁶ Ibandla leKatolika lifundisa, “Isidlo senkosi esingcwele esingumzimba kaKhristu; ukuthi lapho usamukela lesi sinkwa lekosha, kunguMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele, isidlo senkosi esingcwele.” Bona?

⁷⁴⁷ Siyakhолwa yisiqephу sesinkwa, asikhолwa ukuthi kungumzimba kaKhristu, (silungiselela ukusithatha kumizuzu emilutshwana). Siyakhолwa kumela umzimba kaKhristu. Kodwa akusikho...

⁷⁴⁸ Yiwo umehluko phakathi kwemfundiso yeKatolika lamaProtestanti. Bona? Ibandla leKatolika lithi, “Umzimba u...Isinkwa singumzimba uqobo. Ibandla lilamandla okuguqula lokhu.” Lake labona umKatolika edlula ibandla, ekhothamise ikhanda lakhe, enze iziphambano? Futhi ngenxa yokuthi lokho kukhanya okuncinyane kuyavutha ebandleni lapho ngaphansi kwalelo thabhanekeli elincinyane. Kulokukhanya okuncinyane phakathi lapho, futhi leso sinkwa sekosha silele phakathi lapho. “Futhi lowo ngumzimba kaKhristu. Futhi lapho uthatha lokho, ngempela uthatha

umzimba uqobo kaKhristu esidlweni sakho sokuqala lokuvuma kwakho lokunjalo. Uthatha, uqobo, umzimba kaKhristu.”

⁷⁴⁹ Sitsho ukuthi *kumela* umzimba kaKhristu, bona, ukuthi akusilutho emhlabeni kodwa isiqephu sesinkwa. Futhi kungelandaba loba kwakungayisiso sinkwa, loba kwakungenye into, kwakumela nje okufanayo. Khona kanye nje—nje. Loba baya...

⁷⁵⁰ Njengalaba bantu abathi, “Angingeke ngibhaphathizelwe echibini, ngifuna ukubhaphathizelwa emfuleni.”

⁷⁵¹ Kulomehluko bani, ingqe ubhaphathiziwe? Uba kusechibini, futhi... Ngani, uFiliphu wabhaphathizelwa echibini... lapho umthenwa ebhaphathizwa. Lapho uFiliphu ebhaphathiza umthenwa echibini, uMoya oNgcwele wamhlwitha kangako waze Wahlwitha uFiliphu, kazange abonakale okwamamayila angamakhulu amabili. Wahlwithwa eMoyeni, wamnika i—inqola iphuma khona eZulwini okwamamayila angamakhulu amabili. Ameni. Kuyamangalisa!

Manje:

Abangewelete bazakuba bengaphi emva kweminyaka eyinkulungwane yokubusa? Futhi ngumzimba bani abazakuba lawo? Ngizaphenduka kulokho ngesikhatsvana. [UMfowethu Branham uyaphendula lumbuzo endimeni 820, njengombuzo 74—Mhl.] Bazakuba beloJesu.

⁷⁵² Kulungile, u—umbuzo wesikhombisa:

72. Sizakwahlulela njani ingilosni na?

⁷⁵³ Lokho kutholakala ku... Sizakwahlulela njani ingilosni na? Ngokuba ngamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu. Ingilosni zinceku; thina singamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu. Futhi iBhayibhili lathi sizakwahlulela ingilosni. Kunjalo. Manje, manje nxa wena...

Umbuzo wesi 8:

73. Kungani inwele ngenxa yezingilosni kwabaseKhorinte bokuQala?

⁷⁵⁴ Manje omunye kangitholele abaseKhorinte bokuQala, i—isahluko 11, futhi sizabona lapho, ukuthi uzafumana ukuthi i... KwabaseKhorinte bokuQala, e—esesni 11, siyathola ukuthi uPhawuli uyakhuluma. Mangingene kukho nje okomzuzu, futhi ke sizakukubala ngokuphangisa futhi-ke siza—sizakuba lakho phansi.

⁷⁵⁵ Ngilenye into yokukhuluma kulumbhalo lapha, engithembia iNkosi izakusipha khona ngendlela okufanele sibe lakho. Nxa omunye umuntu ekuthola...ngicabanga leso yisahluko sesi 11, yebo, kulungile. Manje lalelisani, lilalelisise sibili manje, ukuze lizwisise. Manje thatha unembeza wakho futhi uwufake esikhwameni sakho sevesti ngize ngiqede ukubala

lokhu, liyabona, libabaze Ngakho. Lalelisisani sibili, lokhu kungu ITSHO KANJE INKOSI:

Wobani ngabalaneli bami, njengoba lami ngi... ngokaKhristu. (UPhawuli wathi, “Lingilandele, njengokuba ngilandela uKhristu.”)

Manje ngiyalidumisa, bazalwane, ukuthi liyangikhumbula ezintweni zonke, lokuthi libambelele ezimisweni njengoba ngazinika...ngakini.

Kodwa ngithanda ukuthi lazi, ukuthi inhloko yawo wonke amadoda nguKhristu; lenhloko yomfazi yindoda; lenhloko kaKhristu nguNkulunkulu.

⁷⁵⁶ Bona ukuthi kunjani? UNkulunkulu, uKhristu, indoda, umfazi. Manje:

Yonke indoda ekhulekayo loba eprofethayo, ikhanda layo limboziwe, ithela ihlazo uKhristu.

Kodwa wonke umfazi okhuleka kumbe aprofethe ikhanda lingambombozwanga ulithela ihlazo ikhanda lakhe:...

⁷⁵⁷ Manje siyathola nje umzuzu, futhi silitshengise ukuthi inwele emfazini yisimbozo sakhe:

...ngoba lokhu...kufanana-ke lophuciweyo. (Lokho kutsho ukuthi nxaxa—nxaxa ezaquma inwele zakhe, khonake akaziphuce.)

Ngoba uba umfazi engagubuzeli, futhi kagele: (ukugela kutsho ukuphucwa, bona)...kodwa uba kukubi kowesifazana ukugela kumbe ukuphucwa, kagutshuzelwe.

⁷⁵⁸ Manje sesisehla khona phansi embuzweni lapha owubuzayo. Bona? Kulungile, manje kubi kowe—ikhosikazi ukuquma inwele zakhe, ngokweBhayibhili. Manje lalelani lapha futhi libone nxaxa iBhayibhili lingaphi indoda ilungelo elisemthethweni ukwala umkakhe nxaxa equma inwele zakhe, bona uba lokhu kuqondile kumbe hatshi.

Uba indoda...Ngoba indoda kayifanele ukumbomboza ikhanda layo (lokho yikuba lenwele ezinde), ngoba ingumfanekiso lodumo lukaNkulunkulu: kodwa owesifazana uludumo lwendoda. (Like lacabanga ngalokho na?)

⁷⁵⁹ Manje ngifuna ukuma lapha, ngoba ngifuna lokhu kuthophele sibili, bona. Futhi manje khumbula, ngibone amatshumi ezinkulungwane zabafazi abahle (ngiyabazi bona khona manje, futhi abanengi babo behlezi ebandleni leli) abalenwele ezimfitshane, abangamaKhristu. Futhi engikubeka kukho akusikho lina, yindela elafundiswa ngayo. Bona? Yikho. Umtshumayeli wenu kalitshelanga lokhu. Kodwa uba loba

nguphi umfazi ngasethabhanekeli njengalokho, khona-ke balecalala. Bona, ngoba ngeqiniso siyabatshela ngakho.

⁷⁶⁰ Manje, manje khangelani lokhu:

*...indoda...Ngoba...(indima) 7)...Ngoba
indoda...*

⁷⁶¹ Manje, ngubani okhulumayo lapha? Manje, ngesinye isikhathathi ikhosikazi lathi, “O, uPhawuli wayengozonda abafazi omdala.”

⁷⁶² Awu, manje lapho sisase kulokho, masivulen i nje lapha kwabaseGalathiya 1:8, futhi sibone lokho uPhawuli akutshoyo ngalokhu, bona, kwabaseGalathiya 1:8. Uzafumana ukuthi uPhawuli wathi lapha kwabaseGalathiya 1:8:

*...lanxa kungaba yithi, kumbe ingilos i evela
ezulwini, engalitshumayeza elinye ivangeli elehlukene
lalelo eselivele lalizwa, kabe ngoqalekisiweyo.*

⁷⁶³ Manje lingangisoli, solani Yena, bona.

*Ngoba indoda kayifanele isibili ukumbomboza
ikhanda layo, ngoba iludumo lomfanekiso
kaNkulunkulu: kodwa umfazi uludumo lomfanekiso
wendoda.*

⁷⁶⁴ Manje khangela indima elandelayo:

*Ngoba indoda kayivelanga emfazini; kodwa umfazi
endodeni.*

*Futhi lendoda kayidalelwanga umfazi; kodwa umfazi
wadalelwang indoda.*

⁷⁶⁵ Manje, ngitsho lokhu manje ngothando oluqotho lokuhlabusa, futhi ngithemba liyakuzwisa indlela efanayo engikhuluma ngayo lokhu. Kodwa iMelika... Njengomhambi wezizwe lezizwe umhlaba wonke, IMelika ileminye ephansi phansi, imilayo ehlileyo ngabafazi babo ukwedlula loba yisiphi isizwe emhlaben. IPari, ifFrance ingaba yisakhiwo esiqongileyo eceleni kwendlela iMelika evumela abafazi babo ukwenza. Kulihlazo!

⁷⁶⁶ Likunanzelele yini ukuthi unkulunkulu weMelika ngumfazi? Ngingakufakaza lokho kini ngaleliBhayibhili. Kunjalo. Liyananzelela kumele kubuye ngaleyi ndlela ukuze ibandla leKatolika lingenise imfundiso yabo yentombi uMariya?

⁷⁶⁷ Manje, uba umfazi engenzelwanga indoda, hatshi... Nxa indoda ingenzelwanga umfazi, kodwa umfazi enzelwe indoda, khona-ke uzakukhonza njani umfazi? Bona? Manje, okwakwenzayo, kwaqalisa eParis futhi kwehlela eHollywood. Manje iParis kumele ibuye eHollywood ukuthola izitayila zayo futhi bathole ifashini zabo lezinto, yikwehliswa phansi kwembeko yabafazi bethu baseMelika.

⁷⁶⁸ Kuyini na? Ilizwe lethu selibuye laba phansi baze bathathela amadoda imisebenzi, futhi bafake abafazi phandle lapha kulezindawo, kuze kuthi amaphesenti angamatshumi ayisificamunwemunye abo, phose, ngamawule. Futhi khuluma ngamadoda engasekho, sibili, kungenxa yokuthi bathethe abafazi phandle-le emisebenzini yabo. Futhi baba phansi phansi sibili baze bafaka abafazi njengamapholisa okuthula esitaladeni. Lihlazo kuloba yisiphi isizwe! Yebo, mnumzana. Uzakwenzani ngakho?

⁷⁶⁹ “Wenzani ngakho, Mfowethu Branham?” Kumele ngikuhloniphe, ngiyisakhamuzi seMelika, ngenza lokho ubasi omkhulu athi kwensiwe. Nxa ngingake...Nxa i-imuli ilahlekelwa yinhloniphoyayo yemuli (abantwana balahlekelwe yinhloniphoyabo kumzali), leyo muli idabuke izicucu. Nxa i-nxa ibandla lingalahlekelwa yinhloniphoyalo kumalus walo, ngani lelo bandla kalisekho. Futhi nxa isizwe singalahlekelwa yinhloniphoyaso komthethwandaba omkhulu lesinqumo saso, leso sizwe sesiyiziqephuphephu. Kunjalo sibili. Kumele sihloniphe lezo zinto ngoba bangobasi abakhulu, bona. Kodwa akulunganga ekuqaleni. Impela!

⁷⁷⁰ Belikwazi ukuthi indoda eBhayibhilini...kaGenesi, isahluko 1, lapho uNkulunkulu edala umfazi le—lendoda, futhi wenza indoda lomfazi, futhi uNkulunkulu watshela uEva ukuthi “indoda yakho izabusa phezu kwakho, abe ngumbusi wakho”? Khuluma lokho eMelika njalo ubone lapho ozafika khona! Mfana, akusikho lokho, umfazi ubusa phezu kwendoda; kumele benze lokho, indawo zomphakathi zibekiwe...

⁷⁷¹ Ngingaletha abafazi, nxa kwakufanele ngikwenze, ekamelweni lami lapho, ngamadazeni, abafazi abahloniphekayo... Angitsho ukuthi abafazi bonke abafanelanga kwesinye isikhathi ukuthi basebenze; mhlawumbe balendoda egulayo kumbe enye into, futhi kufanele basebenze. Kodwa nxa kungadingakali ukuthi bakwenze, akumelanga bakwenze. Indawo yabo ingekhaya, indlu yabo yobukhosie encinyane, yikho kanye lapho okumele babe khona.

⁷⁷² Futhi abafazi bethu beMelika babelethuba lokuhamba bayekudla ingulube kumbe bafe. Loba enyamazaneni zonke lokunjalo, lapho leyo nto inqoba, ithatha indawo futhi iyehlisa isithunzi sonke sosendo lwayo.

⁷⁷³ Kulenyoni encinyane eAfrica, futhi yinyoni encinyane umasiqoqodo.

⁷⁷⁴ Manje, ngokuvamileyo, ensikazi ihlezi imbi ngokubukeka kuzo zombili. Enduna ihlezi inhle sibili, idiye eliduna, i-elkhi eliduna, inyoniesadwayi enduna, i-iqude, futhi zonke izikhathi iyiyona edlulayo... Ngoba, inyoniesnikazi yinyoni yangekhaya. Ihlala esidlekeni, iyakhulisa abancinyane bayo. Ifihliwe

kukhozi, inyoka, ikhanka, loba okunye, bona, ukukhulisa abancinyane bakhe.

⁷⁷⁵ Kodwa kusendo lapho lokho i...kumbe ebulilini lowo—lowo—lowo owesfazana, kumbe okunsikazi, kuyedlula ngobuhle, kuhlezi kuluhlobo olwehlisa isithunzi. EAfrica, uyathatha inyon...Kulenyonи encinyane khonale, futhi yiyo kuphela engiyaziyo kumazwekazi engiwaziyo, ukuthi ensikazi inhle ukwedlula enduna. Futhi lapho kusenzakala...Leyo—leyo nyoni liwule njalo njalo. Iyabhodabhoda futhi ithole enduna, futhi igijime phandle ibekele inqumbi yamaqanda emva isihlangane lenye, futhi ivumele enduna ihlalele phezu kwamaqanda lapho isiyazingela enye enduna. Lokho yikho kanye. Bona? Bona lokhu engikutshoyo?

⁷⁷⁶ Phakathi, manje khangela, eMelika lamuhla, abafazi bethu. Indoda encinyane evela eKentucky yangitshela, insuku ezinlutshwana ezedluleyo, ukuthi kwakulabafazi abangamakhulu ayisificaminwembili ababe sebenza efekithali ethile lapha eKentucky. Futhi wathi, “Isibili ngizizwa ngilondolozekile ekufungeni ukuthi amakhulu amane abo ngempela ngamawule ezitaladi, futhi abafazi abatshadileyo belabantwana.” Omunye umfo wakhupha umkakhe phandle lapho futhi wamsebenza ngepulanka, futhi-ke waphosa wambulala. Futhi omunye waqhube ka ukuyadubula umuntu. Futhi omunye esika lokulwa. Lokho akufanelanga kube njalo. Lokho akulunganga.

⁷⁷⁷ Faka umfazi ekhitshini lapho amele abe ngakhona, khonake yonke into iyakulunga. Kodwa ungamfaka phandle emsebenzini womphakathi, akasekho. Impe...angitsho ukuthi...

⁷⁷⁸ Abafazi beMelika bayagigideka beqaphise ikhala labo futhi bethi, “Akula lutho kuLokho.” Futhi, “Ngitsengise.” Ngeqiniso, kufanele ukwenze, ngoba iBhayibhili labikezelala ukuthi uzakwenza. Kumele ukwenze.

⁷⁷⁹ Futhi lapha lapho...Kwakuvamile ukuba, isikhathi eside esedluleyo, ebandleni leMethodisti, nxa umfazi engaquma inwele zakhe, wayekhutshewa phandle kwebandla. Ngeqiniso, bakwenza. Yebo, sibili. AmaNazareni, amaPilgrim Holiness, amaPhentekhostali, bonke babevame ukukwenza. Kuyini okwenzakalayo?

⁷⁸⁰ Liyazi kungani? Lilezitabane emva kwephuluphithi. Kunjalo sibili. Omunye umuntu uyesaba ukuba itikiti labo lokudla... uyesaba ukuthi bazaxotshwa, baxotshwe ebandleni. Babengela sibindi sibili sokuma, ukuma eLizwini likaNkulunkulu loba kuzwisa ubuhlungu kumbe loba Kungazwisi. Kunjalo sibili.

⁷⁸¹ Lalelani lapha, indoda ingumbusi. Ungacabangi ukuthi ungabusa indlu. Awusombusi wendlu. Ngempela wena... Kawusiso sigqili manje, kodwa ungu'mcedisi. Futhi

uAdamu... Indoda ilokubusa phezu komkayo, futhi ulomlandu kuphela ngomkakhe. UNkulunkulu wenza indoda iphendulele umkayo. Manje, bala futhi ubone uba uNkulunkulu ekutsho lokho manje.

*Ngoba indoda kayifanele ukumboza ikhanda layo,
ngoba njengoba usemfanekisweni lodumo luka
Nkulunkulu:...*

⁷⁸² UNkulunkulu akasuye mfazi, uNkulunkulu yiNdoda. Liyazi lapho besenza intombi uMariya lakho konke lokho, futhi lokunxu... kumbe ukunxusela layo yonke into enjengaleyo, futhi bakhuleke kuntombi uMariya, liyazi ukuba kungikhumbuza ngani? Unkulunkukazi omkhulu uDiyana, lowo uPhawuli amkhaliqayelo futhi wamxotshela phandle. Kunjalo. Wathi, “Ngani, uNkulunkulu akasuye mfazi!”

⁷⁸³ Idwala lawela phandle ensimini, futhi bathi unkulunkulukazi uphosele phansi isithombe sabo, yiso isizatho umfazi eKhorinte, futhi phezulu phakathi lapho, i... labo ababekhonza uDiyana, babefuna ukuba ngabatshumayeli.

⁷⁸⁴ Bathi, “Ngani, umoya wasitshela ukuthi singatshumayela.”

⁷⁸⁵ Wathi, “Ini? Kwaphuma iLizwi likaNkulunkulu kini, futhi laphuma kini lodwa? Nxa loba nguphi umuntu ozicabanga ukuba ngokamoya kumbe umprofethi, kavume lokho engikutshoyo ukuba yimilayo yeNkosi: umfazi makathule futhi azehlise ebandleni, engafundisi kumbe ukuba lamandla.” Yikho khona kanye! Yikho lokho okwatshiwo nguMbhalo. Bona? Futhi uNkulunkulu uzakwenza ixuku labatshumayeli likuphendulele lokho ngoSuku lokwaHluelwa.

⁷⁸⁶ Awu, lalela! Uthi, “Awu, ngiyakutshela, ngafundiswa lokho.” Selikwazi ngcono manje! Kunjalo. Nxa wena kumbe omunye umuntu eqalisa ukuthatha isilinganiso somuthi, futhi omunye umuntu akutshele ukuthi kuletshefu, futhi u—futhi uyaqhubeke futhi uwuthathe kungenani, zindaba zakho emva kwalokho. Bona?

⁷⁸⁷ Manje lalelani kulokhu:

Ngoba indoda kayivelanga emfazini; kodwa umfazi endodeni.

Ngenxa yalokhu umfazi kufanele abe lamandla phezu kwekhanda ngenxa yezingilosí.

⁷⁸⁸ Ukhona omunye wenu okubalayo na? AbaseKhorinte bokuQala, isahluko 11, lendima 10. Nxa lingananzelela, “amandla,” (Ngani?) “ezingilosí,” AbaseKhorinte bokuQala, ngoba ingilosí ngamadoda, isithunywa. Khangelani, kungu “n” omncinyane njalo. Lapho iNgilosí ezhambelana, leNgilosí zaseZulwini, kungu “N,” omkhulu uhlamvukhulu “N.” Lapho okulo “n,” omncinyane zingilosí ezingamadoda.

Kodwa kungelani akula lapho indoda...kumbe umfazi,...futhi umfazi kasilutho ngaphandle kwendoda—kwendoda, eNkosini.

Ngoba njengoba umfazi evela endoden, ngokunjalo lendoda ivela ngomfazi;...zonke izinto ngezikaNkulunkulu.

Yahlulelani...ngokwenu: kufanele yini ukuthi umfazi akhuleke kuNkulunkulu (elenwele ezimfitshane) engambozanga? (cabanga ngakho manje)

⁷⁸⁹ Manje khangelani:

Imvelo uqobo lwayo kayilifundisi yini, ukuthi uba indoda ilenwele ezinde,...

⁷⁹⁰ Uthi, “Kwakumayelana ngani?” Inwele. Kaliboni lokho uPhawuli akhulumu ngakho na? Inwele, inwele ezinde! Nxa... Umfazi kufanele abe lenwele ezinde. Indima 14 manje:

Imvelo uqobo lwayo kayilifundisi yini, ukuthi, uba indoda ilenwele ezinde, kulihlazo kuye?

⁷⁹¹ Liyakuthola na? Kulihlazo ukuba indoda ibelenwele ezinde, kodwa umfa-...leyo yindawo yomfazi. UNkulunkulu wenza indoda ngokwahlukileyo lomfazi, ubulili lokukhangeleka, layo yonke into. Kamelanga agqoke isembatho...IBhayibhili lathi ukuthi, “Nxa umfazi engaggoka amabhulugwe kumbe loba sippi isembatho esinjengesendoda, kuyisinengiso kungcolile futhi kukhangeleka kukubi phambi kukaNkulunkulu.” Futhi uNkulunkulu uzamenza ukuthi akuhlawulele. Uzalalela bani na? Kodwa leli liBhayibhili!

⁷⁹² Futhi uyagijima futhi uthi, “Ngani, ngicabanga ukuthi kuhle u...bona abafazi begqoke amabhulugwe.” Kodwa uNkulunkulu wabenza ngokwahlukileyo, Ubafunga begqoke ngokwahlukileyo.

⁷⁹³ Futhi iBhayibhili lathi, “Nxa umfazi engaggoka loba isembatho esinjenye sendoda, kuyisinengiso.” Liyakwazi ukuthi *isinengiso* kuyini? Yi “nto engcolileyo emehlwensi kaNkulunkulu.” Futhi uJehova oMkhulu Okhangeli phansi phezu kwakho njengento engcolileyo...Futhi iBhayibhili lathi...

⁷⁹⁴ Futhi wena othi...Abanye benu amakhosikazi manje, kumankazana enu amancinyane asasengontanga, itshumi lesificaminwembili, iminyaka engamatshumi amabili ubudala, libayekela begijima phandle lapha begqoke njengalokho ayikho!

⁷⁹⁵ Futhi lawe, futhi, mama! Bona? Lapho uphuma phandle futhi ugqoke amabhulugwe lezinto futhi uphile...futhi ungene esitaladeni, futhi—futhi ube lalez mpahla ezindala abazenzayo kulezi nsuku, futhi kukwenze ukhangeleke njengento ongayisiyo. Bona? Futhi uyaphuma phandle lapho esitaladeni ukhangeleka okukhanukisayo, ungaba nje ungelacala futhi umsulwa phambi kwendoda yakho lakho konke, kodwa nxa

uphuma phandle esitaladeni futhi indoda ikhangale phezu kwakho ngoba uxitshengisele njenga lokho, ulecalal, futhi uzakuphendula ngoSuku lokwaHlulelwa ngokwenza ubufebe layo yonke indoda eyakukhangelayo njenga lokho. Yikho lokho iBhayibhili elakutshoyo.

⁷⁹⁶ IBhayibhili lathi, “Loba ngubani okhangela umfazi amkhanuke, usevele wenza ubufebe laye enhliziyweni yakhe” futhi ulecalal futhi uza . . .

⁷⁹⁷ Uyabuya ekwahlulelwani futhi uthi, “Nkosi, Uyayazi inhliziyo yami; Angikaze ngenze ubufebe, ngaphila ngiqinisekile endodenii yami.”

⁷⁹⁸ Kodwa lapha kuzakuba kulendoda, lapha kuzakuba kulenye, lapha eyinye, eyinye, eyinye, itshumi lanhlanu, amatshumi amabili, amatshumi amathathu, amatshumi amane abo bemile lapho besithi, “Icala lobufebe!” Ngani? Enye indoda yakukhangela.

⁷⁹⁹ “Awu, ngangingelani lakho.” Awu, kungani wazitshengisela kanjalo na? Lapho uNkulunkulu ekutshela ukuthi ungazigqoki, kwakuyisinengiso ukukwenza, futhi uyahamba ukuyalalela u *Ngubani Othanda USusie?* Kumbe kuyini lokho . . .

⁸⁰⁰ Lakufumana yini lokho okwenzakala ngendoda ka*Ngubani Othanda USusie?* na? Lonke lakubona lapha kungasikude ephepheni. Lapho sasiphuma phandle kuCasper, Wyoming, kwaphuma phandle. Futhi ngubani ibizo lakhe? Lowo mfo owa . . . kulowo *Siya Mthanda USusie*, kumbe kuyini lokho phakathi e—kuyini lokho emhlabeni okwakuyikho? I . . . O, lonke lina elihlala ngekhaya ngoLwesithathu ebusuku futhi likhuthe umhlangano wokukhuleka ukuba likubone. Kuyini lokho manje? *Siya Mthanda . . . Liyini ibizo lalokho?* [Udade uthi, “*Ngiya Mthanda ULucy.*”—Mhl.] *Ngiya Mthanda ULucy*, indoda yakhe ifanele uku . . . itshaya lapha lalapho, ibanjiwe phandle ngalena eReno, Nevada, lenkazana ensundu, obephila laye okweminyaka. Futhi yikho lokho elikuhalalela ngekhaya ukukubona kulokuhamba, lizwe iVangeli. Umfazi wakuvuma. O, isihawu! Akula lutho oluhlanzekileyo ngaphandle kukaJesu Khristu!

⁸⁰¹ Busisa inhliziyo yakho, mfowethu, ngi—ngiyakutshela wena—wena mfo, abanye be . . . Uthi, “O, minabo, khangela iqembu.” Abanye a—amanqe amabi sibili esilawo, omadla ezibolileyo, zinyoni ezinhle. Kawungeke wahlulele inyonu ngensiba zayo, bona. Ngakho khumbula nje lokho. O, minabo!

⁸⁰² Manje khangela:

Ngabe *imvelo uqobo lwayo . . .* (yileyo ndima 14) . . .
kayilifundisi, ukuthi, kulihlazo kowesilisa ukuba
lenwele ezinde? (Lokho kungokomfazi.)

Kodwa uba umfazi elenwele ezinde, kuludumo kuye:...

⁸⁰³ Manje ukhuluma mayelana ngani? Ingwane lina bantu beKatolika eliyigqokayo ebandleni? Hatshi ngempela! Okuyisimbozo okuncinyane phezu kwekhanda lakho, lehenki? Ukhuluma ngenwele zakho!

⁸⁰⁴ Manje! Futhi nxa umfazi egela inwele zakhe, uquma udumo lwakhe, futhi akavunyelwa ku-altare ukukhuleka. Bona, nje lokho elakutshoyo lapha, “Ngabe kuyinto evamileyo emfazini ukuyakhuleka lekhanda lakhe lingambozwanga?” Uthi lapha, uthi, “Awu, kufanele agele inwele zakhe.” Ngakho makaphucwe impabanga nxa kunjalo. “Futhi nxa ezakuphucwa impabanga,” wathi, “lokho lihlazo, kulihlazo ukuba umfazi enze lokho.” Khona-ke wathi, “Kumele ukuthi ambozwe.” Manje, ngi nje—ngi nje ngibala incwadi kaPhawuli. Lina lonke, kukini, bona.

Kodwa uba umfazi elenwele ezinde, kuludumo kuye: Ngoba inwele zakhe uziphiwe ukuthi zibe yisimbombozo.

⁸⁰⁵ Kwathi uzaphiwa ingwane na? Lina bantu beKatolika kumbe lina maProtestanti, loba yiphi, oya ebandleni futhi efuna ukugqoka ingwane, uthi, “Awu, ngiya ebandleni, kufanele ngigqoke ingwane.” Hatshi, kufanele utshiye inwele zakho zikhula. Yiwo umahluko. Bona?

...ngoba inwele zakhe ziphiwe kuye ukuthi zibe yisimbombozo. (Futhi kulihlazo kuye ukubuya ebandleni engambozanga, ukuya ku-altare ukuyakhuleka.)

Kodwa uba umuntu ebonakala ele—ele... (Angikholwa ngingalikhuluma lelo bala, n-k-a-n-...). . . *Inkani—inkani* (liyakwazi ukuthi inkani kuyini), *kasilawo umkhuba onjalo, loba iBandla likaNkulunkulu.*

⁸⁰⁶ Manje nxa ufuno ukuphikisa ngakho, uyaphikisana laLokho. Kulungile, nxa ufuno ukuba lenkani ngakho, “O, akwenzi ngitsho umahluko. Asibayekeleni beqhubeka. Ngani, ngicabanga ukuthi akusilutho. Ngi... kayisikho lokho inwele eziyikho, kungenani, yilokho inhliziyo eyikho.” Kuliqiniso lokho; nxa inhliziyo iqondile, inwele zizakuqonda (Uh-huh).

⁸⁰⁷ Qhubeka, nxa ufuno ukuba lenkani, uPhawuli wathi, “Asila mkhuba onjalo, kumbe iBandla likaNkulunkulu.” Wathi, “Nxa ufuno ukuba ngowecele likaKhayini, awu, qhubeka uyephambili nje.” Kodwa Lokhu yikho uPhawuli ayekutsho.

⁸⁰⁸ O, futhi angitsho ukuhleka, ngoba akusiyo ndaba yokuhleka. Kodwa ngiyalitshela bangane, kulihlazo ukubona indlela lezo zinto ezivunyelwe ukwensiwa. Ngi...

⁸⁰⁹ Lalelani! Kini, bodadewethu abathandekayo, ngifuna ukuthi likhangeleke kahle sibili libe ngabahle kakhulu, yikho

elimele libe yikho. Yikho elimele libe yikho. Futhi kumele uhlabuse lokuba ucazimula lento yonke njengalokho ongaba yikho lapho indoda yakho isiza, okufanayo nje njengokuthi leso kwakuyisithandwa sakho. Futhi kumele uhlangane laye emnyango ngo—ngokuqabuwa uhlabusa kuye njengoba kwakuyikho ngosuku umqabuwa ku-altare ukuba ngumkakho. Kunjalo. Angikusoli ngokukhangeleka kwakho umuhle sibili. Futhi ngifuna ukuthi ube ngaleyo ndlela, uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ngiyafuna.

⁸¹⁰ Lapha esinye isikhathi esedluleyo, ngangikhuluma loJack Shuler. Ngubani owake wezwa ngoJack Shuler? Umtshumayeli odumileyo iMethodisti elaye. Wathi, “Umfazi weza futhi wathi... inwele zingcolile, futhi ehlafuna itshingamu, lempahla zakhe zingaphelelanga kuye, wathi, ‘Uyazi, indoda yami ayisangibekezeleli njalo futhi.’”

⁸¹¹ Wathi, “Angimsoli.”

⁸¹² Kunjalo. Manje, kodwa lokho okufanele ukwenze, kufanele ubesendleleni eqondileyo. Ungathathi umceco wakho lobuhle eHollywood, buthathe eBhayibhilini, phambi kukaNkulunkulu. Woba likhosikazi, yenza njengekhosikazi, gqoka njenge khosikazi, hlanzekwa. Yenza njenge khosikazi, ungaggoki lezo... .

⁸¹³ Loba yiphi indoda evumela umkayo aphume phandle futhi agqoke lezo zinto ezincinyane phambi kwamadoda, futhi lazo izinto ezindala ezincinyane... aphume phandle ekusikeni utshani egumeni, lezinto ezinjalo, mnumzana, ngiyakutshela mfowethu! Angi—angitsho ukuba lolunya, ngi... UNkulunkulu uyakwazi ukuthi leyo yinhliziyo yami. Kodwa kuzamele ukuthi ngi... kuzafanele ukuthi ngintshintshe okunengi ngingakavumeli owami akwenze. ngizakuba ngubasi phezulu oqaqeni phezulu lapho ingqe kuphela ngisenelisa, uyabona; futhi lapho ngingenelisi, ngizasuka lapho. Kunjalo.

